*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

Indlela Yokuthambisa Inunu
*(How to Tame a Monster)*
Illustrated by Anja Venter
Written by Sam Beckbessinger
Designed by Wilna Combrinck
Edited by Carla Lever
Translated by Nonkululeko Nhlapo
with the help of the Book Dash participants in the Virtual Book Dash on 15 May 2021.

ISBN: 978-1-77623-194-2

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# Indlela Yokuthambisa Inunu



Anja Venter Sam Beckbessinger Wilna Combrinck

ULwando unodadewabo omncane ogama lakhe lingu-Oyiso. Kwesinye isikhathi muhle kakhulu.

Kodwa ngesinye isikhathi uphenduka **inunu.**



Kulungile kunjalo, ngoba uLwando

**ungumthambisi wenunu.**



NgoMsombuluko,
inunu yayibukeka
**ithukuthele.**

Kodwa uLwando wayazi ukuthi
**ilambile.**



NgoLwesibili, inunu yayibukeka

**ithukuthele kakhulu.**

Kodwa uLwando wayazi ukuthi

**ikhathele.**



NgoLwesithathu,
inunu yayibukeka
**ithukuthela**
**ngokwedlulele.**

Kodwa uLwando
wayazi ukuthi
**idangele.**





NgoLwesine, inunu yayibukela **iveva.**

Kodwa uLwando wayazi ukuthi idinga **ukuthula.**

Kodwa ngoLwesihlanu,

**akukho okwakusebenza.**



Kwase kuba nezinunu **ezimbili.**



Ngenhlanhla, uBaba ungumthambisi wenunu omuhle kunabo bonke.
Uyazi ukuthi awukwazi ukulawula inunu ngokuba **mkhulu** noma **ukuthukuthela.**





Ungakwazi ukuthambisa izinunu kuphela ngokuzisiza zizizwe **ziphephile.**

